



Yathini imiphumela yocwaningo u-ASPIRE?

Sekukonke, ucwaningo uASPIRE (MTN-020) luveze ukuthi iringi yesitho sowesifazane sangaphambili enedapivirine yavimbela okungenani okukodwa kokuthathu kokutheleleka ngeHIV. Kwabesifazane abadala kuno 21 weminyaka, ababesebenzisa iringi ngendlela kakhulu kunabesifazane abasebasha, kungaphezu kukahhafu ukutheleleka ngeHIV okwavikeleka. Ku-ASPIRE, ukuvikeleka okukhulu kwabonakala nokusebenzisa iringi ngokuthembeka (ngokungaphezulu kokubili kokuthathu).

Njengakwezinye izindlela zokuvikela, iringi isebenza kuphela uma isetshenziswa ngendlela nanjalo. Iringi yayiphephile futhi, kuchaza ukuthi ayizange ibange izinkinga zempilo eziqavile. Olunye ucwaningo oluhlale iringi yesitho sowesifazane sangasese sangaphambili enedapivirine, olubizwa nge IPM-027 (Ucwaningo lweringi), yaveza imiphumela ecishe ifane. **Lena impumelelo enkulu kakhulu ebingeke yenzeke ngaphandle kokuzinikela kwababambiqhaza bocwaningo lwethu!**

Ngabe iringi yedapivirine yesitho sowesifazane sangasese sangaphambili izotholakala nini emiphakathini yethu? I-IPM, iqembu elasungula iringi, isebenza nohulumeni kanye nabanye ophathina ngenhloso yokwenza iringi itholakale emiphakathini yethu. Lenqubo ibandakanya izishayamthetho eziningi kanye nokuvunywa okuqondene nezwe futhi ngakunye kuthatha isikhathi. Asazi noma iringi izophasiswa yini, noma ukuthi empeleni isikhathi esingakanani ngaphambi kokuthi iringi ingase itholakale, kodwa lenqubo ivamise ukuthatha iminyaka eminingana.

Lwenziwelwani ucwaningo lwaHOPE? U-HOPE ucwaningo oluyi Open-Label Extension (OLE), lwakhelwe ukunikeza ababambiqhaza ukufinyelela kumkhiqizo wocwaningo osebenzayo ngaphambi kokuthi itholakale emiphakathini. Ucwaningo lwe Open-Label Extension luyaqhutshwa futhi ukuqoqa ulwazi olwengeziwe mayelana nomkhiqizo, njengokuphepha kanye nokusebenzisa umkhiqizo ngokuthembeka. **Inhloso esemqoka yocwaningo uHOPE ukunika ababambiqhaza ukufinyelela okuphuthumayo kwiringi yesitho sowesifazane sangasese sangaphambili enedapivirine, evezwe njengephephile futhi enciphisa ubungozi bokuthola iHIV.**

Ubani okufanele ukuba socwaningweni uHOPE? Okwamanje, abesifazane ababebambe iqhaza ocwaningweni u-ASPIRE kuphela abazobhekelelwa ukungeniswa kuHOPE. Abesifazane kumele baqonde izidingo zocwaningo, bese bevuma ukubamba iqhaza. Abesifazane kumele babe sesimeni esihle sempilo, bangabi negciwane leHIV,

futhi bangakhulelwa noma bangancelisi ibele. Abesifazane bazoba nokuhlolwa kwezempilo kanye nokuhlola ukuqinisekisa ukuthi bafanelekile ukungena kuHOPE.

Luzothatha isikhathi esingakanani ucwaningo? Ukuvakasha ocwaningweni kuzoba kangaki? Owesifazane ngamunye ongenelayo uzoba kuHOPE isikhathi esingangonyaka owodwa. Ukuvakasha ocwaningweni kuzoba ngenyanga ezinyangeni ezintathu zokuqala, bese kuba kanye emva kwezinyanga ezintathu ngemva kwalokho.

Ngabe amaringi esitho sangasese sabesifazane sangaphambili anjani kuHOPE?

Bonke abesifazane bazonikezwa iringi yesitho sowesifazane sangasese sangaphambili equkethe idapivirine ukuyisebenzisa ngenyanga. Kungafani naku-ASPIRE, awekho amaringi e-placebo (angenamuthi) kuHOPE.

Bazocelwa ukuthi benzeni abesifazane abangenele uHOPE?

- Bonke ababambiqhaza abafanelekile bazomenywa ukuthi bajoyine uHOPE bese beza ngokujwayelekile ekuvakasheni kwasocwaningeni okuhleliwe.
- Bonke ababambiqhaza bazoba nokuzikhethela ukusebenzisa/ukunikezelwa iringi yesitho sowesifazane sangasese sangaphambili enedapivirine njalo ngenyanga. Abesifazane bangajoyina ucwaningo akukhathalekile noma bakhetha iringi njengendlela yokuvikela iHIV noma cha.
 - Abesifazane abakhetha iringi njengendlela yokuvikela iHIV bazonikezwa ukwelulekwa kanye nemiyalelo ngokusebenzisa iringi bese becelwa ukuthi baphendule imibuzo ngokusebenzisa iringi.
 - Abesifazane bangawushintsha umqondo wabo ngokusebenzisa iringi ngisho emva kokuba esejoyinile ucwaningo. Bonke ababambiqhaza benza umthelela obalulekile ocwaningweni uma nje **betshela abasebenzi bocwaningo uma bengayisebenzisi iringi**. Khumbula, kodwa, ukuthi iringi ingavikela kuphela kwiHIV uma isetshenziswa.
- Bonke ababambiqhaza, kungakhathalekile ukusetshenziswa kweringi, bazocelwa ukuthi:
 - Baphendule imibuzo mayelana nempilo yabo nokuziphatha kwezocansi
 - Bathole ukwelulekwa kokunciphisa ubungozi kanye namakhondomu
 - Basebenzise izindlela zokuhlela umndeneni ukuvimbela ukukhulelwa
 - Kokunye ukuvakasha, babe nokuhlolwa kwezempilo
 - Bazoba nokuhlolwa kwaselebhu, kubandakanya ukuhlolwa amaSTI, ukukhulelwa, kanye neHIV
 - Bazonikeza amasampula egazi, izinwele, kanye namaswabhu esitho sangasese sowesifazane sangaphambili

Kwenzekani ngabesifazane abanqaba ukungeniswa kuHOPE?

- Uma umbambiqhaza enquma ukungangeni uHOPE, uzobuzwa ukuthi uzimisele yini ukuba nokuvakasha okukodwa ukunikeza ulwazi ngokuthi kungani enqaba ukungeniswa.
- Ababambiqhaza abanqaba ukungeniswa bangawushintsha umqondo wabo bese benganela kuHOPE, kuncike ekutheni ucwaningo lusaqhubeka futhi besahlangabezana nezidingo zokufaneleka.

Ibuphi ubungozi? Ubungozi bokubamba iqhaza kuHOPE kunokufana naku-ASPIRE:

- Ungezwa unokungakhululeki noma ubuhlungu uma uhlolwa noma ukhishwa igazi.
- Iringi yesitho sangasese sowesifazane sangaphambili ingazwakala ingabakhululi abanye besifazane, futhi abanye bangaba nokulunywa, uketshezi oluphumayo, noma ezinye izimpawu.
- Ungahlazeka ngemibuzo nezinqubo ocwaningweni.
- Kungenzeka ukuthi wena noma uphathina wakho angayizwa iringi ngesikhathi kwenziwa ucansi.
- Kwisehlakalo esingavamile uma uthetheleka ngeHIV, ungaqala ukuba nokumelana nemishanguzo uma uqhubeka nokusebenzisa iringi.
- Kungenzeka ukuthi abanye bangakuphathi ngendlela noma bakubandlulule ngokubamba iqhaza ocwaningweni.

Iziphi izinzuzo?

- Ngesikhathi ubambe iqhaza ocwaningweni, abesifazane kuHOPE bazonikwa ukufinyelela kwiringi yesitho sangasese sowesifazane sangaphambili etholakale ukuthi iphephile futhi isebenza ngempumelelo ekuvimbeni iHIV.
- Abesifazane ocwaningweni bazothola futhi ukuhlolwa kwezempilo, ukuhlola okubheka impilo yabo, ukuhlela umndeneni, ukwelulekwa ngeHIV/STI kanye nokuhlola, kanye nokwelashwa noma ukwedluliselwa, uma kudingeka.

Bangenzani ophathina namalungu omphakathi? Abesifazane abafanelekile, ukunquma ukuthi bayajoyina yini uHOPE kanye nokuthi bayayisebenzisa yini iringi kungukuzikhethela komuntu ngamunye. Abesifazane bayagqugquzelwa ukuxoxa ngezinqumo zabo nophathina babo kanye nabanye abantu ababalulekile kubona. Abasebenzi bocwaningo bazogcina ulwazi ngabesifazane ocwaningweni luyimfihlo, kodwa bakhona ukuxoxa ngoHOPE bese bephendula noma imiphi imibuzo ophathina noma amalungu omphakathi abanayo, uma kudingeka. Ngokubaseka, ophathina kanye namalungu omphakathi ayasiza nawo ukulwisana neHIV/AIDS.

Version 1.0, Zulu, 8 June 2016

HOPE

Out of ASPIRE, there is HOPE

Ulwazi lwabesifazane, ophathina babo kanye nomphakathi



Uma unemibuzo noma udinga ulwazi olwengeziwe, sicela uvakashele eklinikhi yocwaningo:

